SOUTHERN AFRICAN MUSIC RIGHTS ORGANISATION NPC

(Inombolo Yokubhaliswa 1961/002506/08)

("**SAMRO**" noma "iNkampani")

IFOMU LOKUQOKA UMMELELI

Elokugcwaliswa amalungu angenakukwazi ukuba seMhlanganweni Okhethekile wamalungu e-SAMRO ozoba mhla ka- NgoLwesibili ngo-11 Septemba 2018, ngo-10: 00, e-Wits Sport Conference Indawo e-Enoch Sontonga Ave, eNyuvesi yaseWitwatersrand, eBraamfontein, eGoli, ngo-2000 (i-"**EGM**").

Mina/Thina _____ (Igama Elibhalwe Ngokuhlukanisa)

e-_____ (Ikheli Elibhalwe Ngokuhlukanisa)

njengelungu le-SAMRO:

lapha ngiqoka u-_____ wase-_____

noma, uma engekho, u-_____ wase-_____

noma, uma engekho, kube uMnu Jerry Mnisi (uSihlalo WeSigungu), uma engekho, kube uNksz Sibongile Khumalo (iSekela LikaSihlalo), uma engekho, kube uNksz Nothando Migogo (uMphathi Jikelele), ukuba angimelele/asimelele ngokuba khona nangokubamba iqhaza ezigxoxweni zase-EGM ngokuqondene nokuvotela uMthetho Wobulungu obuyekeziwe wabe sewethulwa ezithebeni.

Izinqumo **Ezivamile**: (Siza uthikhe **okukodwa** ephuzwini ngalinye)				
1.	**Izigaba zobulungu**	**Ngiyavuma**	**Angivumi**	**Angivoti**
	Ukugunyazwa kokuhlukaniswa kwamalungelo amalungu ngokwezigaba abe yiLungu Elivamile, iLungu Elingagcwele neLungu Eligcwele.			
	Ukugunyazwa kokuhlukaniswa kwamalungelo amalungu ngokwezigaba abe yiLungu Elingagcwele neLungu Eligcwele.			
2.	**Ukuze ukube sesigabeni sokuqala sobulungu be-SAMRO**	**Ngiyavuma**	**Angivumi**	**Angivoti**
(a)	***Kunqunywa lapha ukuthi ukuze ukube sesigabeni sokuqala sobulungu be-SAMRO:*** Ababhali kumele kube ukuthi bazuze okungenani u-R100 onyakeni owandulele. Nokuthi Abashicileli kumele kube ukuthi bazuze u-R 1 000 onyakeni owandulele.			
(b)	***Kunqunywa lapha ukuthi ukuze ukube sesigabeni sokuqala sobulungu be-SAMRO:*** Ababhali kumele kube ukuthi bazuze okungenani u-R1000 onyakeni owandulele. Nokuthi Abashicileli kumele kube ukuthi bazuze u-R 10 000 onyakeni owandulele.			
(c)	***Kunqunywa lapha ukuthi ukuze ukube sesigabeni sokuqala sobulungu be-SAMRO:*** Ababhali kumele kube ukuthi bazuze okungenani u-R500 onyakeni owandulele. Nokuthi Abashicileli kumele kube ukuthi bazuze u-R 5 000 onyakeni owandulele.			

3.	**Kuzosetshenziswa uhlelo lwamaphoyinti ekwenzeni umbhali ongelona ilungu eligcwele le-SAMRO ukuba abe ngumbhali oyilungu eligcwele:**	**Ngiyavuma**	**Angivumi**	**Angivoti**
(a)	Isithasiselo C – iphuzu ongalikhetha 1			
(b)	Isithasiselo C – iphuzu ongalikhetha 2			
(c)	Isithasiselo C – iphuzu ongalikhetha 3			
4.	**Ukwakheka kweSigungu nokuhlelwa kwaso**	**Ngiyavuma**	**Angivumi**	**Angivoti**
(a)	***Kunqunywa lapha ukuthi iSigugu SeSAMRO kumele siqhubeke nendlela esihlelwe ngayo njengamanje sibe namalungu angeqi kwangu-14 futhi sakheke, sihlelwe ngendlela elandelayo***: Inani labaqondisi **abalawulayo** malingcine ku-**2** Inani labaqondisi **abangababhali abangalawuli** lingcine ku-**6** Inani labaqondisi **abangabashicileli abangalawuli** ligcine ku-**4** Inani labaqondisi **abazimele abangalawuli** ligcine ku-**1** Inani lezihlalo ezisele ezivulekele ilungu elingumbhali noma elingumshicileli libe ngu-**1**			
(b)	***Kunqunywa lapha ukuthi iSigugu SeSAMRO kumele sibe namalungu angeqi kwangu-14 futhi sakheke, sihlelwe ngendlela elandelayo:*** Inani labaqondisi **abalawulayo** malibe ngu-**2** Inani labaqondisi **abangababhali abangalawuli** libe ngu-**5** Inani labaqondisi **abangabashicileli abangalawuli** libe ngu-**3** Inani labaqondisi **abazimele abangalawuli** libe ngu-**3** Inani lezihlalo ezisele ezivulekele ilungu elingumbhali noma elingumshicileli libe ngu-**1**			
(c)	***Kunqunywa lapha ukuthi iSigugu SeSAMRO kumele sibe namalungu angeqi kwangu-14 futhi sakheke, sihlelwe ngendlela elandelayo:*** Inani **labaqondisi abalawulayo** malibe ngu-**2** Inani labaqondisi **abangababhali abangalawuli** libe ngu-**6** Inani labaqondisi **abangabashicileli abangalawuli** libe ngu-**4** Inani labaqondisi **abazimele abangalawuli** libe ngu-**2**			

5.	Imisebenzi Esemphakathini	Ngiyavuma	Angivumi	Angivoti
(a)	***Kunqunywa lapha ukuthi i-SAMRO izoqhubeka nokusingatha imisebenzi esemphakathini ngendlela elandelayo:*** U-16.7% wezimali ezizuzwe kumaroyalithi kumele unikwe umhleli womsebenzi U-83.3% wezimali ezizuzwe emsebenzini osemphakathini kumele ibuyiselwe kwi-SAMRO ukuze kuhlukaniselwane ngayo.			
(b)	***Kunqunywa lapha ukuthi i-SAMRO izosingatha imisebenzi esemphakathini ngendlela elandelayo:*** U-50% wezimali ezizuzwe kumaroyalithi kumele unikwe umhleli womsebenzi U-50% wezimali ezizuzwe emsebenzini osemphakathini kumele ibuyiselwe kwi-SAMRO ukuze kuhlukaniselwane ngayo.			
(c)	***Kunqunywa lapha ukuthi i-SAMRO izosingatha imisebenzi esemphakathini ngendlela elandelayo:*** U-100% wezimali ezizuzwe kumaroyalithi kumele unikwe umhleli womsebenzi			
(d)	***Kunqunywa lapha ukuthi i-SAMRO izosingatha imisebenzi esemphakathini ngendlela elandelayo:*** U-30% wezimali ezizuzwe kumaroyalithi kumele unikwe umhleli womsebenzi U-70% wezimali ezizuzwe emsebenzini osemphakathini kumele ibuyiselwe kwi-SAMRO ukuze kuhlukaniselwane ngayo.			

Ilungu elinelungelo lokuya ku-EGM eshiwo ngenhla linelungelo lokuqoka umuntu noma abantu abazolimelela balikhulumele emhlanganweni. Lo mmeleli akudingeni ukuba abe ilungu le-SAMRO.

Kusayinelwe e-_____ngo-_____ 2018.

Isignisha _____ Igama _____

(umuntu okhipha igunya lakhe lokwenza kanjalo)

Phawula: Ifomu lokuqoka ummeleli kumele lithunyelwe lifike emahhovisi e-SAMRO ngaphambi kuka-**16:00 mhla ka-07 Septemba 2018**, noma ukuqala kwe-EGM ebeyisamisiwe. Ngokuvumelana nengxenye 63(1) YoMthetho Wezinkampani, sicela uphawule ukuthi wonke amalungu e-SAMRO aneqhaza kwi-EGM, kanye/noma abameleli bawo abaqokwe ngokufanelekile, kumele bakwazi ukuzazisa ngendlela egculisayo kwi-SAMRO lapho befika e-EGM.

Amaphepha afakazela igunya lomuntu osayina leli fomu lokuqoka ummeleli (e.g. wenkampani, i-close corporation, i-trust, isikhwama sempesheni, umuntu ongasekho, njll.) kumele ahambe naleli fomu lokuqoka ummeleli, ngaphandle uma kwakurekhodwe yi-SAMRO esikhathini esedlule (amakhophi egunya lommeli agxivizwe ngokusemthethweni noma awezinye iziphathimandla, amukelekile).

Ummeleli oqokiwe kudingeka abe yilungu le-SAMRO.

AMABAL' ENGWE NGAMALUNGELO ASENGXENYENI 58 YOMTHETHO WEZINKAMPANI

Ngokwemigomo yengxenye 58 yoMthetho Wezinkampani (*ngokuqondene nabanikazi bamasheya abamelelwa ngamalungu*):

- **ilungu lenkampani, noma ngasiphi isikhathi nangokuvumelana nezinhlinzeko zengxenye 58 yoMthetho Wezinkampani, lingakhetha noma ngabe ubani (nomuntu ongelona ilungu) ozolimelela, alikhulumele futhi avote esikhundleni salo emhlanganweni wamalungu;**
- **ummeleli angalinika omunye umuntu igunya lakhe lokumelela ilungu, kuye ngokwemingcele ebekiwe ngesikhathi kuqokwa lowo mmeleli;**
- **kungakhathaliseki ukuthi ummeleli uqokwe kanjani, ukuqokwa kommeleli kungamiswa noma ngasiphi isikhathi nangezinga lokuthi ilungu elithintekayo likhethe ukuzibambela mathupha ngokuqondile ekusebenziseni noma yimaphi amalungelo amalungu njengoba nalo liyilungu;**
- **noma yikuphi ukuqokwa kommeleli eqokwa yilungu kungasulwa, ngaphandle uma ifomu elisetshenziswe ekuqokeni lowo mmeleli lisho okuhlukile;**
- **uma kungukuthi ukuqokwa kommeleli kungasulwa, ilungu lingakwesula ukuqoka kwalo ummeleli (i) ngokubhala incwadi yokukhansela, noma ngokuqoka ummeleli ngendlela eshintshekayo kamuva, kanye (ii) nokudiliva ikhophi yalokho kwesulwa kummeleli kanye nasenkampanini ebandakanyekayo;**
- **ummeleli oqokwe yilungu unelungelo lokusebenzisa, noma lokungasebenzisi, noma yiliphi ilungelo lokuvota lalelo lungu ngaphandle komyalelo, ngaphandle uma imemorandamu yokubambisana yenkampani ebandakanyekayo, noma indlela ummeleli aqokwe ngayo, kusho okuhlukile; nokuthi**
- **uma ilungu seliyidilivile enkampanini ikhophi yokuqokwa kommeleli noma abameleli, uma nje lokho kuqokwa kuhlala kusebenza, noma yisiphi isaziso esidingekayo ngokwemigomo yoMthetho Wezinkampani noma ngokwememorandamu yenkampani ekubambisaneni okudingeka sidilivwe elungwini kumele sidilivwe yileyo nkampani lapha:**
    - **elungwini elibandakanyekayo; noma**
    - **kummeleli noma abameleli, uma ilungu elibandakanyekayo: (i) liyale leyo nkampani ukuba yenze kanjalo, ngokubhala phansi futhi (ii) likhokhele leyo nkampani noma yiziphi izindleko ezizwakalayo zokwenza lokho.**

SAMRO Place, 20 De Korte Street, Braamfontein, Johannesburg 2001
P O Box 31609, Braamfontein, 2017

Siza uqikelele ukuthi ifomu lakho lokuqoka ummeleli eligcwalisiwe **lasayinwa** lizobe selifikile emahhovisi e-SAMRO ngo-16:00 mhla ka-07 Septemba 2018. Ifomu lingathunyelwa ngefeksi ku-**086 683 6908** noma nge-imeyli ku-**secretary@samro.org.za**.